**ADDRESS BY PREMIER OF KWAZULU NATAL HONOURABLE WILLIES MCHUNU DURING LAUNCH OF MANDLA MTHETHWA SCHOOL OF EXCELLENCE IN NDUMO**

**03 SEPTEMBER 2018**

**Programme Director,**
**MEC for Education Mr Mthandeni Dlungwana;**
**Inkosi Tembe and Traditional Council;**
**Abantwana baseNdlunkulu;**
**Members of the Provincial Executive;**
**The Chairperson of the Education Portfolio Committee;**
**Honourable Members of the Legislature;**
**Senior Government Officials;**
**School Governing Bodies Present;**
**Learner Organisations and Student Formations;**
**Representatives of the Business Community;**
**Members of the Media Present;**
**Distinguished Guests;**
**Ladies and Gentlemen;**

**I greet you all.**

## INTRODUCTION

**Programme Director**, let me start by taking this opportunity to wish you all a most prosperous, bright and peaceful Spring 2018!

Programme Director,

Ukuvulwa kwesikole ngokomthetho kuyinto vele okufanele siyijabulele. Isikole sibekwa emphakathini ukuba sinanele ngolwazi ngaleyondlela, sivula amehlo abantu siphinde sivulele namathuba amaningi empilweni.

Ngikusho loku ngokunganananazi ukuthi thina kufanele sibe ngabaholi abahamba phambili uma kukhulunywa ngokugqugquzelwa kokubaluleka kwezemfundo kumuntu nje wonke uma ekhula.

Namuhla sibona isibonelo esihle ngalesikole iMandla Mthethwa School of Excellence. IMandla Mthethwa ingesinye sezikole ezihamba phambili kakhulu kwezemfundo KwaZulu Natal ngoba singezinye zezikole ezibhekele ukuthuthukiswa kwamakhono ezeSayensi, Mathematics kanye neTechnology .

Okunye okufanele kusihlabe umxhwele ukuthi singuHulumeni wabantu, sisusa ezingqondweni zabantu lento yokuthi intuthuko kufanele ibe sezindaweni zasemadolobheni kuphela.
Izikole ezifana nalesi akufanele nje zitholakale ezindaweni ezifana nama Model C, kodwa khona lapha ezindaweni zamaKhosi kube khona zonke izinto ezitholakala emadolobheni.
Loluhlelo lweRural Development, lusho ukuthi khona lapha ezindaweni zethu asifake ugesi, ezindaweni zethu akube khona amanzi. Ezindaweni zethu akube khona imigwaqo, sikwazi ukwakha izindlu ezifanayo nezabantu basemadolobheni.
Size lapha namuhla nethimba likaHulumeni weSifundazwe sizokwethula iMandla Mthethwa Comprehensive ngaphansi kohlelo lweNkululeko Development Projects oluhlanganisa yonke iMinyango kaHulumeni.

Ukuze leProjekthi iphumelele, siphume ngothi lwethu sibheka ukuthi yiziphi izinsiza esingaziletha lapha kulendawo yaseNdumo ebonakalayo nje ukuthi inenkinga kwezomnotho, ngakoke inezinkinga eziningi ezifana nokuntuleka kwemisebenzi kanye nezinye izinkinga.

Njengoba silapha sibona ngokucacile ukuthi isimo sempilo asisihle ebantwini, kodwa njengoHulumeni asisonganga izandla nje.
LeProjekthi yalapha eNdumo ayilethi nje ingqalasizinda kuphela, ayifiki nogesi nje kuphela, ayizi nemigqwaqo nje kuphela, kodwa ihambisana nenthuthuko ezosala ishintsha izimpilo zabantu isikhathi eside.

Ayikho into ebuyisa isithunzi njengokwazi ukuzimela, ukwazi ukubeka isinkwa etafuleni umndeni ulale udlile.
Ukuze kwezenke njengamaphupho ethu sonke sibeke isabelo sezimali esizokwazi ukubhekela izinto eziningi. IMandla Mthethwa School of Excellence iqanjwe ngoMandla Mthethwa owayehamba phambili ngenkathi kuzanywa ukuthola izimali zokwakha lesikole.

Lapha eMandla Mthethwa School of Excellence abantwana bazothola imfundo ephambili ngaphandle kokuthi baze bahambe lapha eMkhanyakude. Kuyajabulisa ukuthi kunabafundi abahlala ngaphakathi esikoleni kodwa ngokwami, bengifisa ukuthi uma kuhamba isikhathi wonke umfundi ahlale ngaphakathi.

Lokho ngikusho ngoba umfundi uma ehlala eBoarding School uba nasosonke isikhathi sokubheka izincwadi, ufunda ukuba nesikhathi sokwenza izinto. Kudliwa ngesikhathi esithile, ngesikhathi esithile amaSports, ngesikhathi esithile kuyatadishwa. Impilo enjalo enohlelo

lweTime Table ifundisa abantwana ukuthi isikhathi kufanele usihlele uma ufuna ukwazi ukusisebenzisa kahle.

Loku futhi ngikusho ngoba zonke izibalo nocwaningo kukhombisa ukuthi lena ngenye yezindawo ezikhungethwe ubuphofu bangempela. Uma indawo ihaqwe ububha, kugcina sekukhona nezifwana nemkhuhlanyana ezithathela amashansi.

Uma ngabe ungadli kahle, ngisho nodokotela uyakutshela okuya ngasethunjini okunomsoco, ukuze namaphilisi ashese asebenze. Uma ungadli kahle, uhlaselwa nayizifo nje obekungafanele nokuthi zizezibonakale ukuthi zikhona emzimbeni. Uma umntwana ehlala ngaphakathi esikoleni, uzokwazi ukuthola ukudla okunomsoco zonke izinsuku.

Thina njengoHulumeni sisahlalelwe ukulungisa zonke izinto nezimfanelo ezisasele ngoba leProjekthi nje inkulu ngalendlela yokuthi isiyonke izodla uR1.6billon uma seyiphelile.

Mphathi woHlelo,
La kuzophuma oDokotela;
La kuzophuma oProfesso;
La sifundisa oSocwepheshe;
La sifundisa oNjiniyela;
La sizokhipha yonke inhlobo yoMholi wezwe ozaziyo ukuthi ungubani, futhi ongazenyenzi ngekhono lakhe, nowazi kahle ukuthi angema azethembe noma ngabe ukweliphi izwe. Abafundi base Mandla Mthethwa School of Excellence bazi ukuzihlonipha, futhi bazi ukuhlonipha abanye, kanti bazihlonipha bona uqobo lwabo.

Abafundi kufanele bakwazi ukuhlola amakhono abo cishe kuzozonke izinhlobo zemidlalo iRugby, Tennis, Soccer, Netball, nazozonke izinhlobo zemidlalo ezitholakalayo kwezinye izikole ikakhulukazi ezisemadolobheni. Ngamanye amazwi, abantwana esifisa baphume lapha kulesikole abantwana abazoba ngabaholi bakusasa kuyoyonke imikhakha bangazinyezi nakancane ukuthi bamnyama, bangazinyezi ngemvelaphi namakhaya abo, bangazinyezi ngokuba ngabesifazane ezweni eliphethwe ngabesilisa.

Lapha sakha ikusasa elisha. Lapha sibumba isizwe esisha esizokwakhela phezu kwaso iSocial Cohesion ne Moral Regeneration. ISocial Cohesion ukusondelana nokuhlalisana kahle kwabobonke abantu kuyokwenzeka kahle mhla sonke saba nemfundo efanele, imisebenzi esinika isithunzi nemali eyanele, saba nezindawo zethu lapho sifuya, sitshala khona uma sifuna.

Uhlelo lweSocial Cohesion lubaluleke kakhulu kithina njengoHulumeni ngoba sifisa ukuthi iKwaZulu Natal kube yindawo yawowonke umuntu omhlophe, omnyama, omncane. Wonke umuntu akazi ukuthi iKwaZulu Natal indawo ephephile, enamathuba wonke umuntu angawacabanga ukuze aphile kahle.

Sifisa abantwana bethu lapha eMandla Mthethwa naseMkhanyakude neKwaZulu Natal yonke, babe ngamasosha eMoral Regeneration. Alikho izwe elikhululekile namuhla elinonmotho othuthukayo kodwa elinabantu abangaziphethe kahle.
Ningaba nayo yonke inkululeko, kodwa uma singahloniphi, kubulawa kudlwengulwe abesifazane nezingane, kudliwe iwhoonga, kuthathwe

ngodli umhlaba, amabhizinisi nezimboni zabanye, kwebiwe kudunwe izimoto, ngeke siyibone inkululeko.

LamaProjekthi eNkululeko ahambisana nesikole, kufanele agadwe yinina mphakathi.
Kungathi kusasa senifuna ilibrary, kusuke omunye wenu ashise ikliniki. Masizigade zonke lezinsiza, sigade isikole, sigade amacomputer, sigade izimoto zesikole, sigade izintambo zikagesi, sibheke amanzi, size sigade nabantwana nothisha.
Njengoba nazi, ziningi izinhlelo ezizayo lapha. Sizolokhu sibuya sizovula uma sekuphelile ngakunye, ngakunye. Koze kuhlangane isethembiso sethu sokuletha intuthuko la eNdumo.

Esikuthembisayo ukuthi isimo sempilo senzalo yaseNdumo, ngeke siphinde sifane nesalabo abazalwa ngaphambi kwaloluhlelo. Namuhla sidweba umugqa. Sizokweqa umsele wobuphofu, sibheka phambili ezweni lenthuthuko lapho kuzoba namathuba emisebenzi, amathuba okuzakhela amabhizinisi nokuzimela.

**Programme Director,**
We want to be able to compete with countries like Singapore, South Korea, Japan, Germany and the United States of America which have devoted massive resources to developing knowledge economies.
The entire world see the knowledge and digital economy as a foundation for future prosperity. More recently our partners Brazil, Russia, India and China (BRIC) countries have followed suit.

We want KwaZulu Natal’s education to reflect our dream of becoming globally competitive. The Mandla Mthethwa Sxchool of Excellence will

enable us to achieve this and at the same time broaden access to the poorest of the poor.

What we are doing today in education is to reaffirm that with the correct investments, we can become a globally competitive province that can stand its own against city-regions and countries of the world like Singapore, California, Dubai and others.

**I**t is these challenges of the modern world that KwaZulu Natal must respond to. Our task is to prepare rounded learners who will thrive in the world of science and technology, but who in equal measure also care for the environment.

We are hopeful that Mandla Mthethwa will also assist in raising our pass rate even higher from the 73% of last year to an even better in 2018.

We would like to congratulate the Department of Education and the whole of government for pulling together to make this entire multi-faceted R1.6bn project a success. Working together with the private sector, we will be able to achieve even more for our province and our country. We thank the traditional leadership and the community for all the hard work and the vision to achieve this success.

To end let me quote from Nelson Mandela the founding President of our democracy and I quote:

**"What counts in life is not the mere fact that we have lived. It is what difference we have made to the lives of others that will determine the significance of the life we lead".**

